

PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



MAKETHA isivuno sakho sommbila

AMA-SMALLHOLDERS KUFANELE AMAKETHE NOMA ADLE ISIVUNO SAWO SOMMBILA NGEQHINGA LOKUVUNDULULA AMATHUBA AMAKHULU. EMUVA KWAMASIZINI AMBALWA AMALUNGU ETHIMBA LAKWA-GRAIN SA ABEGQUGQUZELE-KILE NGENQUEKELA-PHAMBILI YABALIMI ABANCANE NAMA-SMALLHOLDER NGOKUHLANGANYELA KULE PHROGREMU.

Naphezu kokuba kubekhona nezimo eziyinselelo kwezinye izindawo, la balimi benza ngcono izindlela zabo zezolimo futhi bathola amandla angakaze athintwe emasimini abo. Imfihlo ilele ekwenzeni into efanele



U-Jenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com

ngesikhathi esifanele ngendlela efanele. Sibabonile ukuthi banjani labo balimi abafunde kubeluleki babo abanolwazi – nabasisibenzisile le se-luleko – yibo ke abathuthuka masinyane.



Maketha isivuno sakho sommbila

NGABE YINI OKUFANELE NGIYAZI UKUZE NGIMAKETHE UMMBILA?

UMMBILA INENDAWO YAWO YENTENGO EMAKETHE EGUQUKA ZONKE IZINSUKU

I-spot price uqondiswe kunani le ntengo njengamanje emakethe ngosuku ofisa ukuthenga ngalo (noma ukudayisa) okusanhlamvu kwakho. Lolu lwazi lungatholakala kwa-agribusiness/imenenja yesilo yendawo noma nasekhasini phecelezi i-home page ye-Grain SA, ku-www.grainsa.com.

IZWI ELIVELA KU... *Sinelizwi Fakade*

NJENGOKWESISHO, KUNGCONO UKWE-NZA NOMA SEKWEDLULE ISIKHATHI KU-NOKUBA UNGENZI LUTHO! LESI YISIMO NGQO ESIKHUNGETHE ABALIMI BOKU-SANHLAMVU EMPUMALANGA NEKAPA, FUTHI MHLAWUMBE ABALIMI EZWENI LONKE. UKUSUKA KUSIZINI EKHINYABEZWE UKUNTULEKA KWE-ZIMVULA, UKUTSHALA SEKWEDLULE ISIKHATHI, UKWENYUKA KWAMANANI KAPHETHILOLI NGOKUBA-BAZEKAYO NOKUNGAQINISEKI KWAMAPHOLISI, UKU-BUKEKA KWESIZINI JIKELELE KUGUQUKE MAWALA KWABA UNGCONO.

Ngokwezibalo, sesiphindaphinde kaningi sihlaziya isibikezelo somkhiqizo ngesilimo sokusanhlamvu ngasinye esitshaliwe, futhi ngempela ngabe senze kangcono. Kufanele kunconywe nokho ukufika kwezimvula yize sekwendlule isikhathi ngezikwenzile kulezo zibikezelo, isithombe nokho siqhakazile.

Izilinganiso zokuvuna zishaye ingwijkhwебу engcono, ikakhulukazi ngesilimo sommbila eMpumalanga neKapa, si-khombisa obukhulu ubungcono emva kwesomiso sesikhathi eside. Abalimi abakule sifundazwe mhlawumbe nasezweni lonke jikelele baphefumula umoya wokuhululeka, kuqaphleka kakhulu esibikezelweni sesivuno. UMeyi yinyaka okwensiwa ngayo izilinganiso sesivuno esiqonde ngqo, ngezilimo zasehlobo ezisuke sezhkhule zafinylela esicongweni sokuhula kwazo.

Izinhlelo zokuvuna zisuke seziqalile futhi okuhambisana nalokho ukuthi ukumaketha ngokukachwepheshe wezamabhinisi, ngokunye kwezinto ezinkulu eziyisihlanu mayelana nempumelelo nokusimama kwebhizinisi. UMeyi futhi yinya-na i-Grain SA esingatha ngayo umbukiso omkhulu kwezolimo eNingizimu ne-Afrika, obizwa nge-NAMPO Harvest Day. Umbukiso owaziwa ngokwugcwala izinto eziningi, ubukiso womqondo ophusile, ukudla okuhle nalokho amaXhosa ngomdlandla akuchaza ngokuthi-'ixesa elimyoli' ngokuhu-nushwa kuchaza ukuthi isikhathi esimnandi nentokozo.

Kusuka kusizini enengindezi yasehlobo, kuye ekukhathazekeni kokuhula kwesilimo singasho siqinise ukuthi uMeyi uhamba kahle ngesivuno esilindelekile nenyanga yaso lapho abalimi bengasho ngokuziqhenya ngomzamo wabo ezikhathini ezinzima nangezimo eziyaluzisayo.

Nivune Kahle nonke!

AMANANI ENTENGO YOMMBILA ABA NOMTHELELA NGEZINKINGA ZEMAKETHE EZIFANA NESAPLAYI NEDIMANDI

Ngabe yini idimandi yommbila endaweni yakini? Ungakwazi ukwethula lokho okutshalile endaweni yakho, noma kufanele ukuthuthe ukuhambisa ibanga elide futhi ubale izindleko zezokuthutha? Ungakwazi ukuzigcinela wena uphinde ukudayise kancane kancane? Ungakwazi ukudla isilimo nomndeni wakho ne/noma ngokwengeza ivelu yesilimo sakho ngokondla izinkukhu zakho nemfuyo? Ngabe sikhona isidingo sokufaka ezikhwameni nokukala okusanhlamvu ukuze ugarante ukusilawula kangcono isilimo sakho sokusanhlamvu futhi wenze kube lula ukusilondoloza nokusidayisa?

UKUGCINWA KOKUSANHLAMVU KUYAKHOKHELWA

Uma ukugcina okusanhlamvu, uzokugcina kanjani? Kukhona **amafektha amabi yizindleko nobungozi** ukufanele uwaqaphele uma ummbila ulondolozwa.

- Kubalulekile ukucabanga ngokuthi ungawulondoloza kanjani futhi kukuphi ngokuphepha ukuze ungalahlekela futhi kunganukubezeki okusanhlamvu kwakho. Cabanga ngezindleko zokulondoloza. Izigayo eziningi zendawo nama-silo azokulondolozela okusanhlamvu kwakho enani elithile lemali usuku nosuku. Cabanga ngalezindleko uziqhathanise nezindleko zobungozi uma uzelondolozela wena okusanhlamvu.
- Uma ukhetha ukuzigcinela wena okusanhlamvu, kufanele uqondisise ukuthi indawo olondoloza kuyo iphephile ukuba kungebiwa, emagundaneni noma kuzinambuzane nakumswakama.
- Ngabe uyazi ngobungozi bokunkubezwa *yi-mycotoxins*? Ukudliwa koku-sanhlamvu okunkubezeke nge-mycotoxins? Ukudliwa kokusanhlamvu okunkubezekile kungaba nomthelela omubi empilweni kubantu nasemfuyweni okubandakanya umdlava womphimbo kubantu, ukungabatholiabantwana kanye nokuphunza eziwaneni, kanye nokuphazamiseka komqondo emfu-yweni. Esinye sezigaba lapho okusanhlamvu kunganukubezeka khona kungaba uma kulondolozwe ngesikhathi amazinga omswakama esaphezulu kakhu noma uma indawo olondoloza kuyo ingavikelekile emanzini futhi okusanhlamvu okulondoloziwe kube manzi nakho. Ibabhalu bePula *Imvula* babhale ama-athikhili amanangi mayelana nokulawulwa *kwe-mycotoxins*. Amaphuzu abalulekile emva kokuvuna aqhakambisiwe yilawa:

- Vuna kuphela okusanhlamvu kwakho kuphela uma amazinga omswakama ophansi ngokwanele nesilimo sesivuthwe ngokuphele. Umswakama wama-*kernel*/ okusanhlamvu kufanele ube ngaphansi kuka-14%.
- Qinisekisa ukuthi onke ama-implimenti, izinqola ezhutha okusanhlamvu neziqukathi zinhlanzekile, zomile azinazo nezinambuzane, inhlabathi kanye ne-fungal.
- Ungasibeki isivuno sakho sibe yingqumbi enkulu lokho kugcina umswakama noma kwakhe ukushisa ngaphakathi.
- Hlela okusanhlamvu ususe nama-kernel amoshekile kanye nakho konke okungafanele.
- Qinisekisa ukuthi inqolobane olondoloza kuyo yomile nokuthi siyakwazi ukufaka omoya ngokufanele futhi ivikelekile emvulenii namanzi kawangeni. Inqolobqne akufanele ithole amazinga okushisa aphezulu ngokweqile.
- Zonke izikhwama zokulondoloza kufanele zihlanzwe futhi zomiswe. Kuba kuhle uma ungabeka izikhwama zibe yisitaki. Kungaba kuhle uma ungazi-beka ngobunono izikhwama phezu kwamaphalethi ezinkuni noma ezingodweni ukusiza ukungenisa umoya.
- Khumbula uma unaqarinisekile, ungathatha isampuli yokusanhlamvu uhambise ku-silo eseduzane ufike ubacele ukuba bakuhlolele amazinga omswaka.

Ngakho ngenxa yosizo Iwabaqequeshi bakwa-*Grain SA*, usizo Iwamaphrogremu afana nobambiswano olufana nolwe-*Grain SA ne-Jobs Fund* kanye nobubele bokwesekwa yi-agribusiness abazibophezele kwimpumelelo yokuthuthukiswa nokwabiwa komhlaba, abalimi abangamalungu e-*Grain SA* abone obukhulu ubungcono esivunweni. **Lokhu kukhombise ukuba kuhle ngokubabazekayo nokunenselelo!**

- **Kuyisimangaliso** ngoba ububufakazi obuthokozisayo bababalimi base-Mpumalanga, KwaZulu-Natal ukuya eMpumalanga neKapa, besitshela ngendlela abathole ngayo ukudla okwanele okuvikelekile ukondla iminden yabo, kodwa kuphinde kusale okusanhlamu kokondla imfuyo yabo kuphinde kube nokuningi abazoku-dayisayo. Abanye abalimi basikhuphulile isilinganiso somsebenzi wabo wokulima ngoba sebekhulile ngokolwazi namgokuzithemba.
- Futhi **kuyinselelo** ngoba abalimi sekufanele bazosingathe okusanhlamu okuningi kunakuqala. Ukgcina okusanhlamu ngokuphophile sekudinge ukunakwa okukhulu nemfundo; ikakhulukazi ngenxa yokweswela ulwazi kanye nokusweleka kwezingqalasizinda emiphakathini esemakhaya asemajukujukwini. Ambalwa ama-silo afinyeleleka kalula, imigwaqo mibi kakhulu, izithuthi ziyaniza kanti namabhizini okuphrosesa okusanhlamu nezigayo kukude. Lezi zinselelo zingayidla inzudo yesivuno futhi zidinga ukuqaphelwa.

Imfihlo ilele ekwenzeni into efanele ngesikhathi esifanele ngendlela efanele.

Latest Reports

GSA Morning Market Commentary 13 Mar 2019	PDF 123 KB
GSA Oggend Markkommentaar 13 Mar 2019	PDF 124 KB
Olesade: Plaaslike prysse vs Panteitspryse	PDF 1 MB
Somergrane: Plaaslike prysse vs Panteitspryse	PDF 651 KB
Wintergrane: Plaaslike prysse vs Panteitspryse	PDF 1 MB
SAGIS - Maize weekly imports and exports	PDF 579 KB
SAGIS - Maize Weekly producer deliveries	PDF 224 KB
SAGIS - Wheat weekly imports and exports	PDF 522 KB
Fuel Prices Press Release 01 Mar change: 2018	PDF 74 KB
GSA Weeklikse Olesade Marikommentaar 04 Mar 2019	PDF 88 KB

[More Reports](#)

Market Watch

Instrument	LastTradedPrice	Difference
QBRN	66.53	0.00
WMAZ	2918.00	39.00
YMAZ	2650.00	6.00
SOYA	4730.00	25.00
SUNS	5331.00	0.00
WEAT	4590.00	49.00

*Vakashela iwebhusayithi ye-*Grain SA*, ku-www.grainsa.com, uthole iminininingwane egcwеле ngamanani entengo ezimakethet njengamanje.*

Kuwumsebenzi womlimi ngamunye ukuxoxisana ngamanani entengo yomkhiqizo wakhe. Futhi izinqumo zabalimi kufanele zincike **kuzo zonke izingqinamba zezimakethet** eziqhubekayo – ngakho ke wonke umlimi kufanele enze umsebenzi wokuhlala enolwazi ngamanani entengo ezimakethet kanye nezinye izindleko ezihambisana nazo. Lokhu kungamsiza kakhulu kuminkeza amaqhingga anamandla okumaketha okusanhlamu kwakhe.

FUNDA KABANZI

Nawa amanyi ama-linki ama-athikhili akhona ku-inthanethi:

- Septhemba 2017 – <https://www.grainsa.co.za/methods-to-reduce-mycotoxin-exposure>
- Agasti 2017 – <https://www.grainsa.co.za/mycotoxin-impact-on-animal-health>
- Juni 2017 – <https://www.grainsa.co.za/mycotoxins-and-human-health>
- Meyi 2012 – <https://www.grainsa.co.za/maize-mycotoxin-research-at-the-arc-gci>

ISIPHETHO

Ngisho noma ungumlimi omncane kakhulu, ungazongela imali eningi uma ungazinika isikhathi uhlele ukuthi uzokusebeniza kanjani okusanhlamu kwakho nokuthi uzokumaketha kanjani emva kokuvuna. Qinisekisa ukuthi ucabangile ngazo zonke izindleko ezifihlekile nobungozi, uku uthole inzudo epezelu kakhulu ngokutshala kwakho imali nesikhathi ngesizini ngayinye. ■

IZINHLELO ZOKUMAKETHA AKUFANELE SIZENZE SEKUGCINIENI

Ukumakethwa kwamasimo ezilimo eNingizimu Afrika kuncike kusistimu ye-free market. Wonke umlimi ukhululekile ukukhetha ukuthi ufuna ukusidaya kuphi futhi nini isilimo sakhe. Angadayisa konke ngokushesha noma angakhetha ukusigcina isilimo futhi asidayise kancane kancane uma edinga imali – noma uma intengo iba ngcono.

WORDS OF
WISDOM



None of us, including me, ever do great things. But we can all do small things, with great love, and together we can do something wonderful.

~ MOTHER TERESA



MADE POSSIBLE BY
THE MAIZE TRUST

ISILINGANISO SESILIMO

- ukulinganisa ukwazi

NJENGOBA ISIZINI YOKUKHQIZA IZILIMO ZOKUHWEBA IQHUBEKA, NOMA ZIKHQIZWA NGAPHANSI KWEZIMO ZOMHLABA OWOMILE NOMA ONISELWAYO, UMKHQIZI ULANGAZELELA KAKHULU ISIBIKEZELO SESIVUNO SOKUGCINA SEZILIMO EZINHLOBONHLOBO EZITSHALIWE.

Ngokwejwayelekile ukucophelela kuya ngokuba ngcono ngenkathi isilimo sikhula umzimba waso ufinylela ekuvuthweni, kungaba ubhontshisi isoya, ojikanelanga, ummbila, ukolo noma ngabe isiphi esinye isilimo sokuwheba phecelezi *i-cash crop*. Isilinganiso esinembayo kusaqala nje sizokwenza kube nokuthula engqondweni ukuya kokungaba isamba sesivuno nemali engenayo, okungakhankaselamana entengo enhle kwa-Safex, ukhulume ngezindaba ezinhle noma ezimbi emabhangenoma kophathina bakh, ukukhulisa umshwalense wesilimo sakho, nokwenza amalungiselelo okuvuna, ukulondoloza nokudayisa isilimo.

Ngokwethiyori yamazinga esilinganiso izigaba zokukhula kwezilimo zingahlukana kakhulu ngokwejwayelekile kusukela ekuhleleni kugxilwe esimeni sama-*cultivar* ezilimo ezahlukene ngenxa yama-yunithi okushisa phecelezi *heat units*, imvula etholakele neklayimethi epulazini lakho.

Izibikezelongesivuno sesilimo kanye nesilinganiso sokuvuna uchunge-chunge lwezilimo ezitshaliwe kuzosiza lapho uhlelela ukuphela kwasizini. Lenqubo izokwenza uqhathanise onke amazinga ezilinganiso zemali, ukudlana nama-saplayi ezilimo ngokukhulu ukucophelela kwangempela kule sizini. Onke la mandla azokusiza wenze ngcono amazinga akho okukhqiqa ngesizini elandelayo. Le athikhili uzogxila kungqinisela yesivunweni sommbila.

2 Ummbila – isilinganiso sesivuno sesilimo.

Nquma isisindo nenhamvu noma i-kernel ngesitshalo ngasinye

Isiboneko sethesti : Uhesti 1

Izhkhwebu ezitshalweni eziyishumi	1	2	3	4	5	6	7	8	Isamba
Imgqa isikhwebu ngasinye	14	16	14	16	12	14	14	16	
Ama-kernel umugqa ngamunye	41	43	38	33	43	34	31	33	
Inani lama-kernel/isikhwebu	574	688	532	528	516	476	434	528	4 276
Izhkhwebu ezitshalweni eziyishumi	9	10	11	12	13	14	15	16	
Imgqa isikhwebu ngasinye	14	16	14	16	12	14	14	14	
Ama-kernel ngomugqa ngamunye	28	22	31	33	28	22	34	34	
Kernels	392	352	434	528	336	308	476	476	3 302
Izhkhwebu ezitshalweni eziyishumi	17	18	19	20	21	22	23	24	
Imgqa ngesikhwebu ngasinye	14	16	14	16	12	14	14	14	
Ama-kernel ngomugqa ngamunye	28	22	31	33	28	22	34	34	
Inani lama-kernel/ Isikhwebu	392	352	434	528	336	308	476	476	3 302
Izhkhwebu ezitshalweni eziyishumi	25	26	27	28	29	30	31	32	
Imgqa ngesikhwebu ngasinye	14	16	14	16	12	14	14	14	
Ama-kernel ngomugqa ngamunye	28	22	31	33	28	22	34	34	
Inani lama-kernel/ isikhwebu	392	352	434	528	336	308	476	476	3 302
Isamba senani lama-kernel azo zonke izikhwebu ezibaliwe									14 182



Ibhale umfama osathatha umhlalaphansi

1

I-Awareji yenani lesitshalo emhlabathini.

Usayizi we-ha				
Incazelo	Ubude ngokwamamitha	Ububanzi ngokwamamitha	Usayizi ngokwemithasikwele	Isamba
I-Cell designation	A	B		
Ifomula			A x B	
Usayizi we- ha	100	100	10 000	Imithasikwele
Inani lezitshalo nge-ha				
Inombolo yethesti	1	2	3	
Izitshalo ngamamitha ayishumi omugqa	20	15	18	
Ububanzi bomugqa	0,92			
Imiqqa nge-100 mitha ngayinye (uhlangothi olodwa lwe-ha)	109			
Izitshalo nge-100 mitha ngayinye	200	150	180	
Izitshalo nge-ha	21 739	16 304	19 565	57 609
I-avareji yezitshalo nge-ha				
				19 203



Ukulinganisa ukwazi yisaga esisebenzayo uma ulawula izindawo ezibaluleke kakhulu zokukhqiqa izilimo.



UMMBILA

Kunemehluko emincane engeniwa ngezindlela zokubala, kodwa umkhqizi kufanele akhumbule ukuthi ulwazi lwezilimo esedlule ukwenza isilinganiso kuqhathaniswe noku-vunwe ngempela nakho kuzosiza ekwenzeni izibalo eziqonde ngqo.

ISIPHETHO

'Ukulinganisa ukwazi' yisaga esisebenzayo uma ulawula izindawo ezibaluleke kakhulu zokukhqiqa izilimo. Uma uvamisa ukwenza izilinganiso njalo zesilimo ngokwesayensi ephathkayo uzobala ngokuqonde ngqo isivuno sesilinganiso sesivuno sakho esikhathini esizayo seminyaka yokukhqiqa.

NQUMA NGENANI LEZITSHALO NGE-HA

Lezi zibalo zingensiwa ngaphambi kokutshala ukuze ubone isivuno osithagethile sama-*cultivar* ahlukene futhi nangemuva kokutshala ukuze ubone ukuthi inani lezitshalo ezigcine zimilile zanele isilimo nezilimo ngokwesilinganiso zesivuno somshwalensi wesilimo kanye nokuvuthwa emzimbeni ngaphambi kokuvuna.

Bala inani lezitshalo ngamamitha ayishumi emigqa lapho ubala khona izikhwebu namathesti esisindo sama-*kernel*. Bala i-avareji yenani lezitshalo emhlabathini. Siza bhaka izibalo **kuThebula 1**.

I-avareji yeziitshalo ngokunquma ngokwe-hektha ngalinye isetshenziswa kuSinyathelo 2 – i-avareji yesisindo senhlamvu noma isisindo sesitshalo ngasinye sesibaliwe.

ISISINDO SOHLMVU NGESIKHWEBU NGASINYE NESITSHALO

3.1 Bala inani lezikhwebu ezitholakala eztshalweni eziyishumi ngokulandelana futhi uwasuse amakhosi azembozile abophe ama-kernel eziinhlamvu.

3.2 Bala inani lemigqa ngesikhwebu ngasinye bese ufaka inombolo esibonelweni esiku**Thebula 2**.

3.3 Bala inani lezinhlamvu ku-avareji yomugqa bese ufaka inombolo kuThebula 2. (Ubala ama-kernel azokwengeza isilimo kuphela).

Cubungula uThebula 2 njengesibonelo sokubala esidingekayo. Qoqa ulwazi oludingekayo ukuze ukwazi ukubala i-avareji yesisindo sezinhlamvu zama-*kernel* ngesikhwebu ngasinye nesitshalo.

Inombolo yezikhwebu ezbaliwe ngokweztshalo eziyishumu kungaba phakathi, kwesilimo esijwayelekile, kusukela eshumini kuya ku-30, ngeminyaka ekhetekile yokukhiqiza. Ukwenza isibonelo uThebula 2, ukhombisa izikhwebu ezingama-32 eziphelele zikaThesti 1. Amathesti amathathu emhlabeni ngamunye kufanele enziwe ukuze kutholakale okumele isilinganiso sesivuno. Khumba, sibala isisindo sohlmvus isikhwebu ngasinye nesitshalo kodwa ngokusebenzia isisindo sesitshalo ngasinye ekubalweni kwsivuno sokugcina.

Nquma ngesivuno sesilimo sommbila wakho ihektha ngalinye.

Ukunquma ngesivuno sommbila i-hektha ngalinye									
Incazelو	Izitshalo	Ama-kernel/ithesti	I-avareji yama-kernel/ isitshalo	Isisindo/amagremu e-kernel	Ama-gremu/Izitshalo	Inani lezitsha-loion/ha	Isamba sama-gremu/ha	Isamba sama-kg/ha	Isamba samathani esivuno/ha
Ibhlokhi yezinhlamvu	A	B	C	D	E	F	G	H	
Ifomula			B/A		C * D	Ukusuka ethestini yenani lezitshalo	E * F	G/1 000 grams/kg	H/1 000 kgs/ton
Isamba seThesti 1 (ngaphezulu)	10	14 182	1 418	0,28	397				
Isamba iThesti 2 (isib.)	10	10 543	1 054	0,28	295				
Isamba iThesti 3 (isib.)	10	12 100	1 210	0,28	339				
Isamba (i-avareji)	30	36 825	1 228	0,28	344	19 203	6 602 725	6 603	6,60
Izivuno ezilinganayo ngesisindo sama-kernel nesisindo sezinhlamvu ezingalingani									
Ngesisindo se-kernel				0,21	258	19 203	4 952 043	4 952	4,95
Ngesisindo se-kernel				0,35	430	19 203	8 253 406	8 253	8,25

NQUMA NGE-KERNEL NOMA NGESISINDO SOHLMVU NOMA ISISINDO SESIKHWEBU NGASINYE NESITSHALO

2.1 Nquma ngesamba sezikhwebu kumamitha ayishumi kuphela

Bala izikhwebu emgqeni ukuze uthole i-avareji yemigqa emithathu yenombolo yezikhwebu eziphumelele ngokwamamitha ayishumi ngokwamamitha ayishumi omugqa. Linganisa amamitha ayishumi ngethephu yangempela ulinganise noma yikanjani emiggeni emithathu eyahlukene noma imigqa emithathu emeles isilimo esibalulekile esisobala, izikhwebu ezikhule ngokufanele enhlabathini ukuba kweniwi isilinganiso sesivuno.

2.2 Ububanzi bomuqa

Linganisa ibanga phakathi kwemigqa ezindaweni eziningi. Ngokuvamile lezi zivamise ukuba u-0,92 m noma u-0,75 wamamitha noma itshalwe emzileni we-tram enemigqa enezikhala eziguquguqukayo phakathi kwemigqa emibili emincane kanye nemizila yemigqa engaphandle. I-avareji yebanga phakathi kwemigqa ingabaleka.

ISISINDO SOHLMVU NGESIKHWEBU NGASINYE NESITSHALO

3.1 Bala inani lezikhwebu ezitholakala eztshalweni eziyishumi ngokulandelana futhi uwasuse amakhosi azembozile abophe ama-kernel eziinhlamvu.

3.2 Bala inani lemigqa ngesikhwebu ngasinye bese ufaka inombolo esibonelweni esiku**Thebula 2**.

3.3 Bala inani lezinhlamvu ku-avareji yomugqa bese ufaka inombolo kuThebula 2. (Ubala ama-kernel azokwengeza isilimo kuphela).

Cubungula uThebula 2 njengesibonelo sokubala esidingekayo. Qoqa ulwazi oludingekayo ukuze ukwazi ukubala i-avareji yesisindo sezinhlamvu zama-*kernel* ngesikhwebu ngasinye nesitshalo.

Inombolo yezikhwebu ezbaliwe ngokweztshalo eziyishumu kungaba phakathi, kwesilimo esijwayelekile, kusukela eshumini kuya ku-30, ngeminyaka ekhetekile yokukhiqiza. Ukwenza isibonelo uThebula 2, ukhombisa izikhwebu ezingama-32 eziphelele zikaThesti 1. Amathesti amathathu emhlabeni ngamunye kufanele enziwe ukuze kutholakale okumele isilinganiso sesivuno. Khumba, sibala isisindo sohlmvus isikhwebu ngasinye nesitshalo kodwa ngokusebenzia isisindo sesitshalo ngasinye ekubalweni kwsivuno sokugcina.

NQUMA NGESIVUNO SESILIMO SOMMBILA WAKHO IHEKTHA NGALINYE

Isisindo se-kernel ngalinye

Njengoba kubonakele kuThebula 2 siqagela isisindo nge-*kernel* ngalinye sika-0,28 wamagremu. Lokhu kungaba phakathi kuka-0,22 wamagremu kuye ku-0,34 wamagremu kuye ngokwemvula etholakele, ukuvunda kwenhlabathu jikelele, isimo somswakama ekukhuleni konke kwesilimo, isivuu sokushisa ngesikhathi soku-vundisa komungu kanye ne-sethi yezinhlamvu noma ukuzwakala kwamakhaza kanye nengcindezi edalwa ukuncintiana nokhula, izifo zeztshalo kanye nomonakalo odalwa yizinambuzane.

Gcina izikhwebu zezilimo zesikhathi esiphambili futhi uzibale uphinde wenze isilinganiso sezincane, izikhwebu zama-*kernel* eziphakathi nendawo nezinkulu izisindo zezikhwebu zama-*kernel* kanye nenani le-sisindo sesikhwebu. Ngolwazi oluningi umkhiqiza angenza isilinganiso sesilimo esilula esebeenzisa isamba senani lezitshalo, inani lezikhwebu ngesitshalo ngasinye kanye nesilinganiso sesisindo isikhwebu ngasinye futhi ubale isivuno esingatholakala kwezinye izigaba emva koku-vundisa nokumila kwempova.

Bheka emuva naphambili amanani entengo yommbila

NJENGOBA ISIZINI KA-2018/2019 ISIYA NGASEMAPHETHELWENI, BEKUNGELULA KUBALIMI NGENXA YAMAFEKTHA AMANINGI, NESOMISO SIBE NOMTHELELA OMKHULU, NOKUSHIYE ABALIMI ABANINGI EZINDAWENI EZISENTSHONALANGA NEKAPA BETSHALA EMVA KWESIKHATHI NOMA BENGATSHALILE NHLOBO.

Umbuzo osengqondweni yomuntu wonke ukuthi kazi sizoba khona yini isitoko sommbila owanele ozohlangabezana nedimandi yabathengi kuleli nozothunyelwa emazweni angaphandle. INingizimu Afrika ithenga i-avareji ka-10,5 wezigidi zamathani ngonyaka, ngokwe-avareji yesivuno esilinganiselwa ku-5 t/ha.

Njengoba kubalulilwe **kuThebula 1**, umkhiqizo wommbila ka-2016/2017 noka-2017/2018 wenze isamba sika-9,9 wezigidi zamathani, no-16,8 wezigidi zamathani nje kuphela. Ngokusho kwe-Crop Estimates Committee (CEC), umkhiqizo wommbila ulinganiselwa ku-12,5 wezigidi zamathani ngesizini ka-2018/2019, ngeleyo nkathi kubikezelwa ukuba u-10,51 wezigidi zamathani zeszini ka-2019/2020.

Umkhiqizo ka-2018/2019 eNingizimu Afrika ubukeka uvale ngesitoko esiphezulu ngenxa yomkhiqizo osele ngesizini edlule, nokwenze abalimi bahllela ekukhiqizeni ummbila balima ezinye izilimo. Siselapho, ngenxa yesomiso sesizini ka-2019/2020, abalimi batshale sekwedlule isikhathi,



Ulkageng Maluleke, i-Junior Economist, Grain SA. Thumela i-imyili ku-Ulkageng@grainsa.co.za

abanye abatshalanga, kanti abanye bakhethi ujikanelanga, njengoba wona unethuba elide lokutshala.

Umkhiqizo nesitoko sokuvala sika-2019/2020 kulinganiselwa ukuthi sizoba ngaphansi kwesangonyaka odlule cishe ngo-16% no-32%, kanti okuthunyelwa kwamanye amazwe kulindeleke ukuba kunciphe cishe ngo-57%. Nokho, ukuthenga kulindeleke kuhkule cishe kufinyelele ku-11 wezigidi zamathani, okusho ukuthi lelizwe lizoba nokwanele okuzothengwa.


Usayizi womkhiqizo uphazanyiswe yisimo sezulu, into e-afektha indawo etshaliwe kanjalo namanani entengo yesilimo. Kodwa kuhkona amanye amafektha anomthelela wamanani entengo yommbila; lokhu kufaka phakathi ukuba khona kolwazi kanye nokuguquguquka kwe-exchange rate yerandi/nedola. Uma irandi lintengantenga, amanani antengo ayesakeleka abe phezulu kanti uma irandi linamandla, lokhu kudala ingcindezi kumanani ommbila njengoba kubonakele ku-**Grafu 1**.

Uma kubhekwa amasizini amabili ngaphambi kuka-2018/2019; u-2016/2017 amanani entengo yommbila kuleli abehweba emazingeni amanani entengo yakwamanye amazwe phecelezi i-export parity elinganiselwa ku-R3 056/thani ngenxa yokushoda kommbila emakethe. Ingxene engcono ka-2017/2018, amanani entengo yommbila kuleli awheba ngezinga le-export parity ka-R1 966/thani, ngenxa yesapla yangaleso sikhathi.

Ngo-2018/2019, amanani entengo yommbila abewheba phakathi kwawokuthunyelwa kulela nasemazweni angaphandle nge-avareji ka-R2 300/thani, kodwa asondele ku-export parity. Uma kubhekwa kusizini ka-2019/2020, uma kucatshangwa, isibikezelosomkhiqizo wamanje, kulindeleke ukuba isitoko sokuvala nokuguquguquka kwesimo serandi, amanani entengo kulindeleke ukuba asondele kumanani okuthengwa ngawo kwamanye amazwe phecelezi i-import parity, engaba semazingeni ka-2016/2017. ■

1

Amanani entengo yommbila ne-exchange rate ye-Randi/dola.



1

Isaplayi nedimandi yommbila.

Isaplayi nedimandi	2016/2017	2017/2018	2018/2019 (Isilinganiso)	2019/2020** Isibikezelosomkhiqizo
Umkhiqizo (amathani)	9 955 000	16 820 000	12 510 000	10 510 000
Isilinganiso sokuthengwayo ngonyaka	10 101 000	10 599 000	10 964 000	10 837 000
Isitoko sokuvala (amathani)	1 095 000	3 689 000	2 728 000	1 851 000
Okuthunyelwa kwamanye amazwe (amathani)	1 026 000	2 482 000	2 278 000	980 000

*Amafiga kusukela ngomhla ka-6 Mashi 2019

Umthombo: i-Grain SA, 2019

NGABE WENZA INGQUBEKELAPHAMBILI?

- Gcina umkhondo ukuze wazi

SISHO SESIBHUNU SITHI: 'OM TE MEET, IS OM TE WEET'. UKULINGANISA UKWAZI! LOKHU KUYIQINISO IKAKHULUKAZI EMKHAKHENI WOKULIMA. YONKE INTO INENKAMBISO, ENGAPHEZULU KWE-AVAREJI NENGAPHANSI KWE-AVAREJI. ENYE YEZINTO EZIYI-SISEKELO EZIWUKHIYE WOKUPHUMELELA UKWAZI OKU-KUFANELE.

Akuyena wonke umuntu ongumlimi ophumelelalo; empeleni bamba balwa abalimi abenza kahle kakhlulu. Iyodwa kuphela indlela yokuphumelela ngeqiniso ukuba nezinga lokulinganisa kanye nokuba nenhoso. Umuntu udinga intuthuko engaguquki ukuze ehlale ebhizinisini. Ukuze wenze kangcono kudingeka uwulandele umkhondo womsebenzi wakho unyaka nonyaka. Ake sibheke amasu ongawasebenzisa ukwenza lokhu.

1

Isibonelo esiyisisekelo sokubamba imininingwane.

*Ubhalwe nguGavin Mathews,
i-Bachelor's in environmental
management. Thumela i-imayili
ku-gavmat@gmail.com*



IPHOYINTI LOKUQALA

Mhlawumbe awukaze urekhode ngisho ucezwana olulodwa lwedatha emsebenzini wakho wokulima. Mhlawumbe awuthandi ukuhlala emva kwedeski nokuhlaziya izinombolo. Uma kunjalo, ake sicabange ukuthi ungaqala kanjani.

Okokuqala, kufanele ugale gokuthatha isinyathelo esiqinile. Kufanele ulindele okuhle kodwa kukho konke okwenzayo. Ukuthola isinyathelo

Unyaka ka-2018					
Izindleko	Uphethiloli/udizili	Ukunakekela	Ukusebenza	Imbewu	Umanyolo
	R50 000	R25 000	R30 000	R80 000	R65 000
Imali engenayo	Ummbilala	Ujikanelanga	Ubhontshisi	Ukwenza inkontileka	
	R100 000	R50 000	R10 000	R5 000	
Izivuno	Umhlaba 1	Umhlaba 2	Umhlaba 3	Umhlaba 4	Umhlaba 5
	Ummbilala 4,5 amathani	Ujikanelanga 1,2 amathani	Ummbilala 3 amathani	Ojikanelanga 0,5 amathani	Ubhontshisi 0,8 amathani



Qhathanisa imininingwane phakathi kwemihlabu namasizini – lokhu kuzokusiza ekwzeneni izinqumo eziphusile.

sokuqala kufanele ucabange ukurekhoda izinombolo ozikhumbulayo, mhlawumbe idatha yangesizini edlule. Omunye ufunu ukurekhoda ikhwantithethivu datha kuphela isib. izivuno, amanani entengo, izinsuku zoktshala, izinsuku zokuvuna, izindleko, imali engenayo njl.

Uma usunqumile ukuthi yiziphi izinombolo othanda ukuzirekhoda futhi uzilandeletele, kufanele usethe indlela elula nesebenzisekayo yokubamba le mininingwane. Kufanele kube yinto okhululekile ngayo nento ezohlala injalo. Ungakwenza lokhu ku-excel spreadsheet noma ngendlela ebalwe phansi ebhukwini elibizwa nge-log book. Yenza noma yini ekufanele kangcono.

Uma usuyiklamile ifomathi ekusebenzelayo, ungaqala ukugcwalisida idatha. Yiba neqiniso futhi uqonde ngqo kukho konke. Uma uzama futhi wenza ihaba ngempumelelo yakho, uzoba ungakhohlisi muntu kodwa uzobe uzi-kohlisa wena. Zama ngakho konke ukwenza kahle kakhlulu. Ngokusobala uma uqala usebenza ngengqondo ngakho kulindeleka amaphutha ambalwa nalokho kulungile, okungenani ibhola lizoqala ukugingqika.

LANDELANISA

Idatha yanamuha iyafana neyayizolo. Isizathu sokurekhoda ukwenza kangcono futhi uma ukurekhoda kwethu kungalandelani ngeke sazi uma sikwenza. Zama ukungena emkhubeni mayelana nokurekhoda imininingwane ngokulandelana kwavo. Uma usuqedile ukuvuna emhlaben, bala i-avareji yesivuno sakho kuleyo nsimu ngokusebenzisa isisindo siyashibiliya futhi ukurekhode. Uma usebenzisa imali ukhanda

PULA IMVULA

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street
1st Floor
Dan Pienaar
Bloemfontein, 9301
■ 08600 47246 ■
■ Fax: 051 430 7574 ■ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
■ 082 854 7171 ■ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za

UMLINGANI WEZOKUSHICILELA

INFOWORKS
Johan Smit ■ Ingrid Bailey ■ Marisa Fourie
■ 018 468 2716 ■ johan@infoworks.biz



Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za
■ Office: 051 924 1099 ■ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za
■ Office: 013 755 4575 ■ Smangaliso Zimbili

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za
■ Office: 034 907 5040 ■ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)
■ 082 650 93157 ■ dundee@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8069 ■ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)
■ 083 730 9408 ■ goshenfarming@gmail.com
■ Office: 039 727 5749 ■ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8057 ■ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8038 ■ Lebo Mogatlanyane

Sinelizwi Fakade

Mthatha
■ 071 519 4192 ■ sinelizwifakade@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8077 ■ Cwayita Mpotyi

IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

Ngabe wenza ingqubekelaphambili?...

yi-rekhodi ezindlekweni. Zama ngakho konke okusemandleni kungabikho okukuphuthelayo njengoba lokhu kuzoshintsha ukuqonda ngqo kwedatha yakho.

SEBENZISA IDATHA YAKHO

Uma usuqale ukwenza idathabhesi emva kwasimizi ambalwa uzokwazi ukusebenzisa le mininingwane ukulandelela ukusebenza kwakho. Kule sibonelo sedatha **ku-Thebula 1**, Umhlabi 1 une-avareji yesivuno sommbila 4,5 thani, kodwa uMhlaba 3 iphumelele amathani ama-3 esivuno. Ngabe kwensiwa yini lokhu? Uma idatha yakho yangonyaka odlule ikhombisa uMhlaba 3 ngesivuno esingaphansi kwe-avareji futhi, ngakho ku-fanele sibheke ngokuqaphela esimo. Mhlambe uMhlaba 3 weswele amanyuthriyenti athile.


Manje ungasebenza ngale mininingwane futhi uhlaziye inhlabathi uzame nokuxazulula inkinga. Uma le mininingwane ingarekhodwanga, bewungeke wenze kangcono. Ngokusebenzisa idatha oyirekhodile, ungaphinda futhi wenze izinqumo ezibalulekile zebhajethi. Isibonelo uma, ubona ukuthi izindleko zokukhanda ziyanda unyaka ngonyaka, lapho kudingeka ubheke ukuthi ngabe yini lena ekubiza imali eningi kangaka, mhlawumbe kufanele uthenge impahla entsha. Lezi yizibonelo ezimbalwa zokusebenzisa idatha ukwenza izinqumo eziphusile ukwenza ngcono ibhizinisi lakho.

CABANGA NGEKLAYIMETHI

Ezolimo zixhumene nemvelo nenhlalo yendawo. Lesi ngesinye sezibonakalo sebhizinisi



Ama-silo amadala okulondoloza okusanhlamvu.



*Bheka inqubekelaphambili yakho
ngokugcina amarekhodi emvula.*

Iethu esingakwazi ukuzilawula. Kodwa sisengazirekhoda izimo zezulu ukuzi siziqondisise kangcono enye idatha yethu. Yenza isiqiniseko sokurekhoda izinto njengemvula kanye nezhlakalo ezibucayi zesimo sezulu isib. izikhukhula, isomiso, isichotho nesithwathwa sokuqala.

Uma imiphumela yesivuno sakho iphansi namarekhodi emvula ayephansi ngawo unyaka ofanayo, lapho ungakwazi ukuqondisisa ukuhlanganisa ngokughathanisa. Obunye ubuhle bokurekhoda isimo sezulu ukuthi singafunda ukuba nokuqondisisa kangcono isimo sezulu, futhi kwezinye izimo baze benza izibikezelo ezimbi ngokuthi isimo sezulu singenzani ngomuso.

Uma umi ndawonye futhi ungenzi lutho futhi ungenzi kangcono lapho amathuba empumelelo mancane. Ngokugcina amarekhodi, sakha imephu yomlando ezosisiza senze ezinqumo ngamasizini angaphambili. ■



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY
THE MAIZE TRUST